

Sony Ericsson

Igaydi yomsebenzisi

W205

Siyabonga ngokuthenga kwakho i-Sony Ericsson W205 Walkman™. Ukuthola okuqukethwe kwefoni okengeziwe, yiya ku www.sonyericsson.com/fun. Bhalisa manje uthole isixhobo samathuluzi, ukulondoloza mahhala kulayini, izipesheli, izindaba nemincintiswano ku www.sonyericsson.com/myphone. Ngesaphothi yemikhiqizo, yiya ku www.sonyericsson.com/support.

Izimpawu zemiyalelo


Lezi mpawu zivela kwigaydi yoMsebenzisi:

- > Sebenzisa ikhi lokukhetha noma lokuhambisa ukupheqa bese ukhetha . Bheka *Ukuhlwaya* ekhasini 12.
 - ⊙ Cindezela ikhi yokukhetha ephakathi.
 - ☉ Cindezela ikhi lokuhamba phezulu.
 - 📍 Cindezela ikhi lokuhamba phansi
 - 👁 Cindezela ikhi lokuhamba liye esinxeleni
 - 👁 Cindezela ikhi lokuhamba liye esidleni
 - ! Yazi
 - 💡 Ithiphu
 - ⚠ Isexwayiso
- ! Sicela ufunde *Ulwazi olusemqoka* ngaphambi kokusebenzisa ifoni yakho.

Ukulungiselela ifoni

I-SIM khadi

I-SIM (Subscriber Identity Module) khadi, oyithola ku-opharetha wenethiwekhi yakho, inolwazi lokuthenga kwakho. Njalo ubocisha ifoni yakho futhi ukhiphe ishaja nebhetri (uma kufakiwe) ngaphambi kokufaka noma ukukhipha i-SIM khadi.




I-PIN

Ungahle udinge i-PIN (Personal Identification Number) ukwenza kusebenze amasevisi nemisebenzi efonini yakho. I-PIN yakho ihlinzekwa wu-opharetha wenethiwekhi yakho. Idijithi ngayinye ye-PIN ivela njenge *, ngaphandle uma iqala ngamadijithi enamba yezimo eziphuthumayo, isibonelo, 112 noma 911. Ungabona futhi ushayele inamba yezimo eziphuthumayo ngaphandle kokufaka i-PIN.

! Uma ufaka iPIN yakho ngokungeyikho izikhathi ezintathu zilandelana, iSIM khadi iyavimbeka. *Bheka Ilokhi yeSIM khadi ekhasini 33.*

Ukukhipha iSIM khadi



- 1 Cindezela iphakathi nendawo lekhava yebhethri bese ushelelisa ukuyikhipha. Khipha ibhethri, uma ifakiwe.
 - 2 Cindezela ichopho lesokudla leSIM khadi ushelelise ukuyikhipha.
- ! Ungasebenzisi izinto ezicijile ukukhipha ikhava yebhethri.
 - ! Bheka imidwebo ebhokisini lefoni yakho yezindlela zokufaka iSIM khadi nebhethri.

Imemori khadi

Ifoni yakho isekela imemori khadi yeMemory Stick Micro™ (M2™) kuze kufike ku 2 GB, okwengeza esinye isikhala sokulondoloza efonini yakho. Ingasetshenziswa futhi njengememori khadi ephathekayo namanye amadivaysi afanelene. Ungagudlula okuqukethwe phakathi kwememori khadi nememori yefoni.

! Kungadingeka uthenge imemori khadi eceleni.

💡 Sincoma ukuthi ufakele izinhlelo ze-Java™ kwimemori yefoni.

Ukufaka imemori khadi



- 1 Vula ikhava yembotshana yememori khadi.
- 2 Faka imemori khadi izixhumi ezisagolide zibheke phansi.



Ukukhipha imemori khadi

- 1 Vula ikhava yembotshana yememori khadi.
- 2 Cindezela ichopho lememori khadi ukuyikhulula nokuyikhipha.



Ukuvula ifoni

Ukuvula ifoni

- 1 Cindezela bese ubamba .
 - 2 Vula i-slider bese ufaka i-PIN yakho, uma iceliwe.
 - 3 Khetha **OK**.
 - 4 Khetha ulimi.
 - 5 Khetha **Yebo** ukusebenzisa isethaphu wizadi.
- ! Uma wenza iphutha khathi ufaka i-PIN yakho, ungacindezela  ukususa izinamba eskrinini.

Okubekwe eceleni


Emva kokuba usuyivulile ifoni yakho wakafa ne-PIN yakho, igama lika-opharetha wenethiwekhi liyavela. Lokhu kuthiwa okubekwe eceleni. Manje ifoni yakho isilungele ukusebenza.

Ukucisha ifoni

- Cindezela bese ubamba .
- ! Ngaphambi kokucisha ifon, kufanele ubuyele ku-standby.

Uhlolo jikelele lwefoni

- 1 Ispikha sendlebe
- 2 Isibuko
- 3 Amakhi okukhetha
- 4 Ikhi yokushaya ucingo
- 5 Ikhi yeshothikhathi
- 6 Ikhi yeshothikhathi ye-WALKMAN™
- 7 Ikhi yokuhlwaya/ izilawuli zesidlali se-Walkman™
- 8 Isikhala sememori khadi
- 9 Ikhi yokuqeda nokuvula/ukucisha
- 10 Ikhi ye-C (Sula)
- 11 Ikhi ethule



- 12 Ikhamera
- 13 Imbobo yebhande
- 14 Ikhi yevolumu
- 15 Isixhumi seshaja, ihendisfri nekhebula le-USB
- 16 Ilawudispikha



Izimpawu zesibuko

Lezi mpawu zingavela esibukweni.

Uphawu



Incazelo

Ucingo olungaphendulwanga

Ihendsfri ixhunyiwe

Ucingo lwasekuqaleni

Umbiko wombhalo wemukelwe

Umyalezo wesithombe
wemukelwe

I-Predictive text input iqalisiwe

I-phonis isethwe ukuba ithule

Umsakazo uyadlala



I-alamu icushiwe

Umsebenzi we-Bluetooth™
ucushiwe



Ukusebenza kwenethiwekhi




Amabha enethiwekhi akhombisa amandla enethiwekhi ye-GSM ngakini. Kufanele uye kwenye indawo uma unezinkinga zokushaya ucingo futhi ingatholakali kahle inethiwekhi. **Ayikho inethiweki** kusho ukuthi awukho endaweni enenethiwekhi.

-  = Ukwamukela okuhle kwenethiwekhi
-  = Ukwamukela okulingene kwenethiwekhi

Izinga lebhethri

-  = Ibhethri yefoni igcwele
-  = Ibhethri yefoni iphelile

Ukushaja ibhethri



- 1 Xhuma ishaja efonini uphawu lwamandla kwishaja lubheke phezulu. Kuthatha cishe 3 amahora ukushaja ibhethri ngokugcwele. Cindezela ikhi ukubheka iskrini.
 - 2 Ukukhipha ishaja, gobisela ipulaki phezulu.
- ! Ibhethri yefoni ishajeke kancane uma uyithenga. Kungathatha imizuzu embalwa ngaphambi kokuthi uphawu lwebhethri luvele eskrinini.
 - 💡 Ungasebenzisa ifoni yakho ngenkathi ishajwa. Ungashaja ibhethri noma nini isikhathi esingaphezu noma esingaphansi kwamahora awu 3. Ukushaja okuphazamisekile ngeke kuyilimaze ibhethri.

Uhlolojikelele lwemenyu*



Umhleli

Imenenja yefayel**, Ama-alamu, Ikhalenda, Ilambu, Imisebenzi, Amanothi, Isikhathi, Isimisa washi, Umshini wokbala



Ikhamera



Izingcingo**

Konke, Lumphenduliwe, Ludayeliwe, Alumphendulwanga



I-inthanethi



Imibiko

Bhala okusha, Ibhokisi lengen, Fonela isiqophi, Izinhlaka, Ibhokisi lephum, Imibiko ethunyel, Imibiko egciniwe, Izibonisi, Izinhlelo

Ifonibhuku



Okuvamile

Mina qobo, Oxhumene naye



Ifonibhu yokningi***

Ifonibhu ehlangan, Ifonibhuku 1, Ifonibhuku 2,

Ifonibhuku 3, Ifonibhuku 4, Mina qobo, Oxhumene naye



Imidlalo

Amasevis akulayi*, Isidlali sevidyo, TrackID™, Imidlalo Yami, Umsakazo, Qopha umsindo



I-WALKMAN



Izinhlelo**

Okujwayelekile, Imisindo nezibonis, Khombisa, Izingcingo, Ukuxhumana

* Amanye amamenyu ancike ku-opharetha, kwinehiwekhi nasekuthengeni.

** Ungasebenzisa ikhi lokuhamba ukupheqa phakathi kwamathebhu kumamenyu amancane.

*** Imodi yamafonibhuku amaningi anamathebhu.

Ukuhlwaya


Amamenyu amakhulu akhonjiswa njengezimpawu. Amanye amamenyu amancane abandakanya amathebhu.

Ukungena kwimenyu enkulu

- Uma **Imenyu** kuvela esibukweni, cindezela ikhi yokukhetha ephakathi ukukhetha **Imenyu**.
- Uma **Imenyu** kungaveli esibukweni, cindezela ikhi yokuqeda bese ucindezela ikhi yokukhetha ephakathi ukukhetha **Imenyu**.

Ukuhamba kumamenyu efoni

- 1 Cindezela  ukukhetha **Imenyu**.
- 2 Cindezela , ,  noma  ukuhamba kumamenyu.



Ukukhetha into

- Pheqela entweni bese ucindezela .

Ukupheqa phakathi kwamathebhu

- Cindezela  noma  ukuya kuthebhu.

Ukuya emuva isinyathelo esisodwa kwimenyu

- Khetha **Emuva**.

Ukuqeda umsebenzi

- Cindezela .

Ukubuyela kokubekwe eceleni

- Cindezela .

Ukususa into

- Pheqela entweni bese ucindezela .

Amashothikhathi

Ungasebenzisa amashothikhathi amakhi okuhambisa kwi-standby noma usebenzise imenyu yamashothikhathi ukungena kalula kumisebenzi athile.

Ukusebenzisa amashothikhathi ekhi lokuhamba

- Cindezela , ,  noma  ukuya ngqo kumsebenzi.

Ukuhlela ishothikhathi yekhi lokuhamba

- Khetha **Imenyu > Izinhlelo > Okujwayelekile > Oshothikhathi**.

 **Ishothikhathi ye-WALKMAN** ayikwazi ukushintshwa.


Ukuvula imenyu yamashothikhathi

- Cindezela .

Ukwengeza ishothikhathi

- 1 Cindezela .
- 2 Pheqela ku **Ishothk entsh** bese ukhetha **Engeza**.

Ukususa noma ukugudlula ishothikhathi

- 1 Cindezela .
- 2 Pheqela kushothikhathi bese ukhetha **Izinketho**.
- 3 Khetha ongakhetha kukho.

Ukusetha ifoni ukuba ithule

- Cindezela bese ubamba .

Ukufaka umbhalo

Ungasebenzisa i-multitap text input noma i-Zi™ text input ukufaka umbhalo. Indlela yokufaka ye-Zi isebenzisa isichazamazwi esingaphakathi.

- ☀️ Ngokusebenzisa indlela yokufaka ye-Zi kudingeka ucindezele nje kuphela ikhi eyodwa kanye. Qhubeka nokubhala igama noma libonakala linnephutha.

Ukufaka umbhalo usebenzisa i-Zi text input

- 1 Isibonelo, ukubhala igama “Jane”, cindezela (5), (2), (6), (3).
- 2 Manje ungakhetha kokuningana:
 - Uma igama elikhonjisiwe kuyileli olifunayo, cindezela (0-) ukwamukela bese wengeza isikhala. Ukwamukela igama ngaphandle kokwengeza isikhala, cindezela (▶).
 - Uma igama elikhonjisiwe kungesilo olifunayo, cindezela (Ⓢ) noma (Ⓣ) ngokuphindelela ukuhlola amanye amagama. Ukwamukela igama nokwengeza isikhala, cindezela (0-).
 - Ukufaka onqo nokhefana, cindezela (1) bese (Ⓢ) noma (Ⓣ) kaningi.

Ukufaka umbhalo ngokusebenzisa i-multitap

- Cindezela (2) – (9) kuze kuvele uhlamvu olifunayo.
- Cindezela (0-) ukwengeza isikhala.
- cindezela (1) ukufaka izigamfulo.

Ukusebenzisa amakhi uma ufaka umbhalo

- Ukushintsha indlela yokubhala, cindezela ubambe (*+).
- Ukushintsha ulimi lokubhala, cindezela ubambe (#).¹
- Ukushintsha phakathi kosonhlamvukazi abakhulu, izinhlamvu ezincane nezinamba, cindezela (#).²
- Ukususa izinhlamvu, cindezela (C).
- Ukususa igama, cindezela ubambe (C).
- Ukufaka izinamba, cindezela bese ubamba (0-) – (9).


Ukwengeza igama kwisichazamazwi

- 1 Uma ufaka umbhalo ngokusebenzisa i-Zi text input, khetha **Izinketho** > **Pela igama**.
- 2 Faka igama ngokusebenzisa i-multitap input bese ukhetha **Gcina**.

Kushaywa ucingo

Kufanele uvule ifoni futhi ube sendaweni enenethiwekhi.

Ukushaya ucingo

- 1 Faka inamba yefoni (ngekhodi lamazwe omhlaba jikelele nekhodi lendawo, uma kudingeka).
 - 2 Cindezela .
- ! Ungashayela izinamba ezikoxhumene nabo nasohlwini lwezingcingo. Bheka *Oxhumene nabo* ekhasini 17, ne *Uhla lwezingcingo* ekhasini 16.

Ukuqeda ucingo

- Cindezela .

Ukuphendula ucingo

- Cindezela .

Ukudikila ucingo

- Cindezela .

Ukushintsha ivolumu yesipikha sasendlebeni ngesikhathi socingo


- Cindezela ikhi yevolumu iye phezulu noma ezansi.

Ukucisha iringithoni ngaphandle kokuphendula ucingo



- Cindezela ikhi yevolumu iye phezulu noma ezansi.

Ukuvula ilawudispikha ngesikhathi socingo

- Khetha **Ispikha**.

 Ungayibambi ifoni uyibeke endlebeni ngenkathi usebenzisa ilawudispikha. Lokhu kungalimaza izindlebe zakho.



Ukushaya ucingo lomhlaba

- 1 Cindezela bese ubamba  kuze kuvele uphawu “+”.
- 2 Faka ikhodi lezwe, ikhodi lendawo (ngaphandle kukaziro wokuqala) nenamba yefoni.
- 3 Cindezela .


Uhla lwezingcingo

Ungahlola ulwazi mayelana nezingcingo zakamuva.

Ukushayela inombolo esohlwini lwezingcingo

- 1 Cindezela .
- 2 Pheqela kwigama noma inamba bese ucindezela .

Ukusula idatha ohlwini lwezingcingo


- 1 Cindezela .
- 2 Kweye **Konke** ithebhu, khetha **Izinketho** > **Susa konke**.
- 3 Ukuqinisekisa, khetha **Yebo**.

Izingcingo eziphuthumayo

Ifoni yakho isekela izinombolo zamazwe omhlaba jikelele eziphuthumayo, isibonelo u-112 no 911. Lezi zinombolo zingasetshenziswa ngendlela ejwayelekile ukushayela izinombolo eziphuthumayo kunoma yiliphi izwe, usebenzisa noma ungayisebenzisi i-SIM khadi, uma nje inethiwekhi itholakala.

Ukushaya ucingo oluphuthumayo

- Faka 112 (inamba yezimo eziphuthumayo yomhlal awonke) bese ucindezela .

 Kwamanye amazwe, ezinye izinombolo eziphuthumayo zasendaweni zingakhangiswa. U-opharetha wakho

wenethiwekhi kungenzeka ukuba usezigcinile kwi-SIM khadi le zinamba.

Oxhumene nabo

Ungagcina amagama, izinamba zezingcingo nolwazi oluqondene nawe ku-**Ifonibhuku**. Ulwazi lungagcinwa kwimemori yefoni noma kwi-SIM khadi.

Oxhumana nabo bedifolthi

Ungakhetha ukuthi yiluphi ulwazi loxhumene nabo olukhonjiswa njengedifolthi. Uma **Abangani** ekhethwe njengedifolthi, oxhumana nabo bakhombisa lonke ulwazi olugcinwe ku **Ifonibhuku**. Uma ukhetha **Izinombolo zeSI** njengedifolthi, oxhumana nabo bakhombisa amagama nezinamba okugcinwe kwi-SIM khadi.

Ukukhetha oxhumene nabo bedifolthi

- 1 Khetha **Ox naye** > **Izinketho** > **Okunye** > **Kuthuthukile** > **Oxhu nab bedif**.
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

Izinga lememori yoxhumana nabo

Isibalo soxhumene nabo ongabagcina kwifoni yakho noma kwiSIM khadi sincike kwimemori etholakalayo.

Ukuhlola izinga lememori yoxhumene nabo

- Khetha **Ox naye** > **Izinketho** > **Okunye** > **Kuthuthukile** > **Izinga lememori**.

imodi yefonibhuku

Uma **Abangani** kukhethwa njengoxhumene nabo bedifolthi, ungakhetha phakathi kwamamodi amabili efonibhuku:

- **Okuvamile** – eyodwa kuphela ifonibhulu. Ungakhetha le modi uma ifoni isetshenziswa wumuntu oyedwa kuphela.

- **Ifonibhu yokningi** – ifonibhuku eyodwa ehlanganyelwayo namafinobhuku amane omuntu ngamunye. Lokhu kubonakala njengamathebhu. Oxhumene nabo kufonibhuku ehlanganyelwayo bavezwa kufonibhuku ngayinye yomuntu ngamunye. Oxhumene nabo kufonibhuku yomuntu ngamunye bangavezwa kweyodwa noma amaningana kuphela amafonibhuku omunut ngamunye. Ungakhetha le modi uma ifoni isetshenziswa ngabantu abangaphenu koyedwa.

! **Bheka isethaphu wizadi yefonibhuku uma usebenzisa okokuqala. Isethaphu wizadi izovela futhi uma izitshwa.**

Ukushintsha imodi yefonibhuku

- 1 Khetha **Ox naye > Izinketho > Okunye > Imodi yefonibhuku.**
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

! **Kumodi ye Ifonibhu yokningi, ifonibhuku ogcine ukuyisebenzisa iyidifolthi uma uvula Ifonibhuku. Uma imodi ye Okuvamile iqaliswa, bonke oxhumana nabo kumodi ye Ifonibhu yokningi bayavezwa. Uma imodi ye Okuvamile ishintshelwa kumodi ye Ifonibhu yokningi, bonke oxhumana nabo kumodi ye Okuvamile bagcinwa ku Ifnbhuk ehlangan.**

Ukuqamba kabusha ifonibhuku kwimodi yamafonibhuku amaningi

- 1 Khetha **Izinketho > Okunye > Qam busha ifnbhu.**
- 2 Pheqela kufonibhuku yomuntu ngamunye bese ukhetha **Hlela.**
- 3 Faka igama elisha bese ukhetha **OK.**

! **Ifonibhuku ehlanganyelwe ayikwazi ukuqanjwa kabusha.**

Oxhumene nabo befoni

Oxhumana nabo befoni bangaba namagama, izinamba zefoni nolwazi oluqondene nabo. Bagcinwa kwimemori yefoni.

! **Uma ufaka uphawu + nekhodi yezwe kuzo zonke izinamba zefonibhuku, ungazisebenzisa kwamanye amazwe nasekhaya. Bheka *Ukushaya ucingo lomhlaba* ekhasini 16.**

Ukufaka oxhumene naye ngefoni ngemodi yefonibhuku evamile

- 1 Khetha **Ox naye** > **Oxhumene naye**.
- 2 Khetha **Isibongo**:, faka isibongo bese ukhetha **OK**.
- 3 Khetha **Igama lokuqala**:, faka igama bese ukhetha **OK**.
- 4 Khetha **Inombolo entsha**:, faka inamba bese ukhetha **OK**.
- 5 Khetha uhlobo lwenamba.
- 6 Pheqa phakathi kwamathebhu bese ukhetha izindima ukwengeza ulwazi.
- 7 Khetha **Gcina**.


❗ Qinisekisa ukuthi ukhetha **Abangani** njenge **Oxhu nab bedif** uma ufaka oxhumana naye ngefoni.

Ukufaka oxhumene naye ngefoni ngemodi yamafoni amaningi

- 1 Khetha **Ox naye** > **Oxhumene naye**.
- 2 Khetha **Isibongo**:, faka isibongo bese ukhetha **OK**.
- 3 Khetha **Igama lokuqala**:, faka igama bese ukhetha **OK**.
- 4 Khetha **Izici zoxhumen nabo**:, maka amafonibhuku lapho ofuna bavele khona oxhumana nabo bese ukhetha **Gcina**.
- 5 Khetha **Inombolo entsha**:, faka inamba bese ukhetha **OK**.
- 6 Khetha uhlobo lwenamba.
- 7 Pheqa phakathi kwamathebhu bese ukhetha izindima ukwengeza ulwazi.
- 8 Khetha **Gcina**.

❗ Qinisekisa ukuthi ukhetha **Abangani** njenge **Oxhu nab bedif** uma ufaka oxhumana naye ngefoni.

Ukushayela ucingo oxhumana naye

- 1 Khetha **Imenyu** > **Ifonibhuku**.
- 2 Uma ukwimodi yamafonibhuku Amaningi, pheqela kwifonibhuku.
- 3 Pheqela koxhumana naye, noma faka izinhlamvu zokuqala ezimbalwa zakhe.
- 4 Cindezela .

Ukuhlela oxhumene naye efonini

- 1 Khetha **Ox naye**.

- 2 Pheqela koxhumana naye bese ukhetha **Izinketho** > **Hlela oxhunanay**.
- 3 Pheqa phakathi kwamathebhu, hlela ukwaziswa bese ukhetha **Gcina**.

Ukukopishela oxhumana naboye kwi-SIM khadi noma basuke kuyo

- 1 Khetha **Ox naye** > **Izinketho** > **Okunye** > **Kuthuthukile**.
- 2 Khetha **Kopisha kwiSIM** noma **Kopisha kwi-SIM**.

Imibiko

Imibiko yombhalo (SMS)

Kufanele uqiniseke ukuthi unenamba yesikhungo sesevisi efanele efonii yakho. Le namba ihlinzekwa wumnikezeli wesevisi yakho futhi ngokuvamile igcinwa kwi-SIM khadi. Kungadingeka uyifake wena inamba.

Ukubhala nokuthumela umbiko wombhalo

- 1 Khetha **Imenyu** > **Imibiko** > **Bhala okusha** > **Umbik womb**.
- 2 Bhala umbiko bese ukhetha **Qhubeka** > **Bheka ifonibhuku**.
- 3 Khetha umemukeli bese ukhetha **Thumel**.

Ukuhlola umbiko wombhalo owamukeliwe

- Uma **Kusuka: Umbiko wombhalo wamukelwe Funda manje?** kuvela, khetha **Yebo**.

Ukubheka imibiko eseBhokisini lengenayo

- 1 Khetha **Imenyu** > **Imibiko** > **Ibhokisi lengen**.
- 2 Pheqela kumbiko bese ukhetha **Hlola**.






imibiko enhlobohlobo (MMS)

Imibiko enhlobonhlobo ingaqukatha umbhalo, izithombe, umsindo nezizamathiselu. Ithunyelwa ngokusebenzisa i-MMS iye kwiselula. Udinga amasethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho

ukusebenzisa imiyalezo enhlobonhlobo. Bheka *I-Inthanethi* ekhasini 30.


- ! Kufanele usethe iphrofayili ye-MMS kanye nekheli leseva yemibiko yakho. Uma lingekho iphrofayili le-MSS noma iseva yemibiko ekhona, ungamukela wonke amasethingi nge-othomathikhi avela ku-opharetha wakho wenethiwekhi ku www.sonyericsson.com/support.

Ukwakha nokuthumela umbiko wesithombe

- 1 Khetha **Imenyu** > **Imibiko** > **Bhala okusha** > **Umbiko onhlobo**.
 - 2 Faka umbhalo. Ukwengeza izinto kumbiko, cindezela , pheqa usebenzise  noma  bese ukhetha into.
 - 3 Ukuhlola kuqala umbiko wesithombe ngaphambi kokusithumela, cindezela  bese ukhetha .
 - 4 Uma umbiko usulungile, khetha **Qhubeka**. Uma umbiko unamaislide angaphezu kwesisodwa, khetha **Yebo** ukuhlola kuqala noma khetha **Cha** ukweqa ukuhlola kuqala.
 - 5 Khetha **Bhaka ifonibhuku** bese ukhetha umamukeli.
 - 6 Khetha **Thumel**.
- ! Ukuthumela nokwamukela amafoni kufanele kube nokuthenga okusekela ukuthunyelwa kwemibiko yezithombe.

I-Walkman™

Ukudlala umculo

- 1 Cindezela  bese ukhetha **Izinketho** > **Umculo wami**.
- 2 Pheqa ngomculi, i-albhamu, ithreki uhla lokudlalwayo. Pheqela ohlwini bese ukhetha **Vula**.
- 3 Pheqela kwisihloko bese ukhetha **Dlala**.

Ukuyeka ukudlala umculo

- Uma uku **Ukubo dlalay**, cindezela .

Kudluliswa umculo

Ungadlulisa umculo usuke kukhompuyutha yakho uye kumemori yefoni yakho noma ku-Memory Stick Micro™ (M2™). Zimbili izindlela zokuxhuma ifoni kukhompuyutha:

- Ukusebenzisa ikhebula le-USB
- usebenzise uxhumano lwe-Bluetooth™ wireless technology

Ungahudula bese uphonsa amafayela phakathi kwefoni yakho noma imemori khadi nekhompuyutha ku Microsoft® Windows Explorer. Uthola eminye imininingwane mayelana nokudlulisa amafayela kwifoni yakho ku www.sonyericsson.com/support.

! Kungadingeka uthenge ikhebula le-USB eceleni.

Ukuxhuma ifoni yakho kwikhompuyutha usebenzise ikhebula le-USB

- 1 Qinisekisa ukuthi ifoni yakho ivuliwe.
- 2 Xhuma ikhebula le-USB kwifoni yakho nakwikhompuyutha.
- 3 **Shayela:** Khetha **Ukudlu iifay**.
- 4 **Ikhompuyutha:** Linda kufakwe izishayeli (lokhu kwenzeka ngokuzenzekela). Uma uqala ukuxhuma ifoni yakho kukhompuyutha, kungadingeka uyihlonze futhi uyisho ngegama ifoni.

Ukudlulisa amafayela ngemodi yokudlulisa ngokusebenzisa ikhabula le-USB

! Ungalikhphi ikhebula le-USB efonini noma kwikhompuyutha ngesikhathi sokudlulisa, njengoba lokhu kungonakalisa imemori khadi nememori yefoni. Ngeke ukwazi ukuhlola amafayela adlulisiwe efonini yakho ungakalikhphi ikhebula le-USB efonini.


- 1 Xhuma ikhebula le-USB kwifoni nakwikhompuyutha.
- 2 **Shayela:** Khetha **Ukudlu iifay**.
- 3 **Ikhompuyutha:** Linda imemori yefoni nememori khadi kuvele njengamadiski angaphandle kwi-Microsoft Windows Explorer.

- 4 **Ikhompyutha:** Kudeskithophu yekhompyutha, qhafaza kabili oluthi Ikhompyutha Yami uphawu.
- 5 **Ikhompyutha:** Ukubheka amafolda ememori yefoni nawememori khadi, qhafaza kabili uphawu olumele ifoni yakho.
- 6 Kopisha unamathisele ifayela lakho, noma lihudule uliphonse, kwifolda kukhompyutha yakho, kumemori yefoni yakho noma kumemori khadi yakho.
- 7 Ukuze unqamule ngokuphepha ikhebula le-USB, qhafaza kwesokudla esokudla ophawini lwe-Removable Disk ku-Windows Explorer bese ukhetha u Khhipha.



Izinhla zokudlala

Ungakha izinhla zokudlala ukuhlela umculo wakho.


Ukwakha uhla lokudlala

- 1 Cindezela  bese ukhetha **Izinketho > Umculo wami > Uhlu lokdl lam > Uhl dlal. sha.**
- 2 Faka igama bese ukhetha **OK.**
- 3 Pheqela kwithrekhi bese ukhetha **Maka.**
- 4 Khetha **Engeza** ukwengeza itrekhi ohlwini lokudlalwayo.

Ukwengeza amathrekhi ohlwini lokudlala










- 1 Cindezela  bese ukhetha **Izinketho > Umculo wami > Uhlu lokdl lam.**
- 2 Vula uhlu lokudlalwayo bese ukhetha **Izinketho > Engeza imidya.**
- 3 Phawula amathrekhi owafunayo bese ukhetha **Engeza.**
-  Ungongeza futhi wonke amathrekhi kwifolda ohlwini lokudlalwayo ngokuphawula ifolda bese uyayikhetha **Izinketho > Engeza.**

Ukukhipha amathrekhi ohlwini lokudlalwayo

- 1 Cindezela  bese ukhetha **Izinketho > Umculo wami > Uhlu lokdl lam.**
- 2 Vula uhlu lokudlalwayo bese upheqela kwithrekhi .

3 Cindezela bese ukhetha **Yebo**.

Ukulawula isidlali se-Walkman™

- Cindezela  ukuvula isidlali se-Walkman™.
- Cindezela  ukudlala noma ukumisa ifayela lomculo lamanje.
- Cindezela  ukuya kufayela elandelayo yomculo.
- Cindezela  ukuya kufayela yangaphambili yomculo.
- Uma ifoni ivaliwe, cindezela ubambe  noma .
- Cindezela  noma  ukuhlola nokupheqa amafayela ohlwini lokudlala lwamanje uma udlala.
- Cindezela ikhi yevolumu iye phezulu noma ezansi ukushintsha ivolumu.
- Khetha **Emuva** ukunciphisa isidlali seWalkman™ ngesikhathi sokudlala.
- Cindezela  ukuphuma ubuyele ku-standby.

I-TrackID™

I-TrackID™ iyisevisi ekhumbula umculo. Ungacinga isihloko, umculi negama le-albhamu ngeculo olizwa lidlala kwilawudispikha noma elidlala emsakazweni.

- ! Udinga ukulungisa amasethingi e-Java nawe-Inthanethi efonini yakho ukusebenzisa lo msebenzi. Bheka *I-Inthanethi* ekhasini 30. Ngolwazi lwezindleko xhumana nomnikezeli wesevisi yakho.

Ukucinga ulwazi lwethrekhi

- Uma uzwa ithrekhi ngelawdispikha, khetha **Imenyu > Imidlalo > TrackID™ > Qala**.
- Uma uzwa ithrekhi ngomsakazo efonini yakho, kokokubheka umsakazo khetha **Izinketho > TrackID™**.

Isidlali sevidyo

Ungabheka futhi usingathe amavidyo klipu efonu yakho.

Ukubheka ividyo klipu

- 1 Khetha **Imenyu** > **Imidlalo** > **Isidlali sevidyo**.
- 2 Pheqela kuvidyo klipu bese ukhetha **Dlala**.

Umsakazo

Ifoni yakho inomsakazo futhi ihendsfri isebenza njengothi.



- ! Ungayisebenzisi ifoni yakho njengomsakazo ezindaweni lapho kungavunyelwe khona.

Ukuvula umsakazo

- 1 Xhuma ihendsfri kwifoni.
- 2 Khetha **Imenyu** > **Imidlalo** > **Umsakazo**.

Ukucinga amashaneli nge-othomathikhi

- Uma umsakazo udlala, cindezela ⏸.

Ukucinga amashaneli ngesandla

- Uma umsakazo udlala, cindezela ⏪ noma ⏩.

Ukugcina amashaneli

- 1 Uma usuthole isiteshi somsakazo, khetha, khetha **Izinketho > Amashaneli > Gcina.**
 - 2 Pheqela endaweni bese ukhetha **Faka.**
- 🔦 Ungagcina futhi amashaneli ezindaweni 1 kuyaku 9 ngokucindezela (1) - (9).

Ukukhetha amashaneli agciniwe

- 1 Uma umsakazo udlala, khetha **Izinketho > Amashaneli > Uhlu lwamash..**
 - 2 Khetha ishaneli yomsakazo.
- 🔦 Ungakhetha futhi amashaneli agcinwe ezindaweni 1 kuyaku 9 ngokucindezela (1) - (9).

Ukurekhoda ususele kumsakazo

- 1 Ukusetha ikhwalithi yokurekhoda, khetha **Imenyu > Imidlalo > Umsakazo > Izinketho > Amasethingi > Izinga lokurekh.** bese ukhetha okukhethwa kukho.
 - 2 Khetha **Izinketho > Rekhoda umsak** ukuqala.
 - 3 Khetha **Gcina** ukugcina okurekhodiwe.
 - 4 Ukungena kokurekhodiwe komsakazo, khetha **Izinketho > Okurekh. koms..**
- 🗨 Le sevisi ayitholakali kuwo wonke amazwe.

Ukunciphisa umsakazo

- Uma umsakazo udlala, khetha **Emuva.**

Ukucisha umsakazo

- Uma usesibukweni sokudlala umsakazo, cindezela (🔍) noma khetha **Izinketho > Vala.**

Ukubheka okukhethwa kukho komsakazo

- Uma umsakazo udlala, khetha **Izinketho.**

Ukufanekisa

Ikhamera nevidyo rekhoda

Ungathatha izithombe futhi urekhode amavidyo kliphu ozowahlola, uwagcine noma uwathumele. Izithombe namavidyo kliphu agcinwa ngokuzenzekela kumemori yefoni.

- 🔦 Ungagcina izithombe namavidyo kliphu kumemori khadi ngokukhetha **Ikhamera > Izinketh > Gcina ku > Imemori khadi**.

Ukuthatha isithombe

- 1 Khetha **Ikhamera** bese upheqela ku 📷.
- 2 Khetha **ThatSth**. Isithombe sigcinwa nge-othomathiki ngefomathi ye-JPEG.

- 🔦 Ukugwema isithombe esilufifi, sebenzisa isaphothi noma isibali esizikalayo.

Ukushintsha amasethingi ekhamera

- 1 Khetha **Ikhamera > Izinketh**.
- 2 Khetha into bese ushintsha amasethingi.

Ukuthumela isithombe esigciniwe

- 1 Khetha **Imenyu > Umhleli > Imenenja yefayel > I-al. yekhamera**.
- 2 Pheqela kwifotho bese ukhetha **Izinketho > Thumela**.
- 3 Khetha ongakhetha kukho.

- 🔦 Bheka *Ukuthumela into ngokusebenzisa okwe-Bluetooth* ekhasini 30. Bheka *Ukwakha nokuthumela umbiko wesithombe* ekhasini 21.

Ukurekhoda ividyo kliphu

- 1 Khetha **Ikhamera** bese upheqela ku 📹.
- 2 Khetha **Qopha** ukuqala ukurekhoda.

3 Ukumisa ukurekhoda, khetha **Misa**. Ividyo kliphu igcinwa nge-othomathiki.

! Ungarekhodi uma kukhona umthombo wokukhanya onamandla ngemuva.

Ukuhlola amavidyo kliphu

1 Khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Imenenja yefayel** > **Amavidyo**.

2 Pheqela kuvidyo kliphu bese ukhetha **Dlala**.

💡 Ungathola futhi amavidyo kliphu ku **Imidlalo** > **Isidlali sevidyo**. Pheqela kwividyo kliphu bese ukhetha **Dlala** ukuyibheka.

Ukudlulisa izithombe namavidyo kliphu

Ungasebenzisa i-Bluetooth™ wireless technology nekhebuli le-USB ukudlulisa izithombe namavidyo kliphu phakathi kwekhompyutha nefobi yakho. Ngolunye ulwazi, bheka *I-Bluetooth™ wireless technology* ekhasini 28 ne *Ukudlulisa amafayela ngemodi yokudlulisa ngokusebenzisa ikhabula le-USB* ekhasini 22.

I-Bluetooth™ wireless technology

I-Bluetooth™ wireless technology yenza ukuxhumana okunganawaya kwamanye amadivaysi e-Bluetooth™, isibonelo, ihedisethi ye-Bluetooth™. Ungaxhuma kumadivaysi amaningana kanyekanye noma ushintshanise izinto.

! Kunconywa ukusabalala okungaphakathi kwamamitha ayi-10 (33 amafidi), kungabi nezinto eziqinile phakathi kwalo, ngokuxhumana kwe-Bluetooth™.

Ukuvula umsebenzi weBluetooth™

- Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Ukuxhumana** > **I-Bluetooth** > **Vula**.

- ! Amanye amazwe awakuvumeli ukuba usebenzise i-Bluetooth™ wireless technology.

Ukukhombisa noma ukufihla ifoni yakho

- Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Ukuxhumana** > **I-Bluetooth** > **Kuyabonakala** > **Bonisa ifoni** noma **Fihla ifoni**.

- ! Uma isethwe ukuthi ifihlwe, amanye amadivaysi ngeke akwazi ukuyithola ifoni yakho ngobuchwepheshe obungenawaya be-Bluetooth™.

Ukubhangqa ifoni nedivaysi

- 1 Ukucinga amadivaysi atholakalayo, khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Ukuxhumana** > **I-Bluetooth** > **Imishini yami** > **Umshini omusha**.

- 2 Khetha idivaysi ohlwini.

- 3 Faka iphasikhodi, uma kudingeka.

- ! Qinisekisa ukuthi idivaysi ofuna ukuyibhangqa nefoni yakho inomsebenzi we-Bluetooth™ ocushiwe kanye nokubonakala kwe-Bluetooth™ okusethwe ku **Bonisa ifoni**.

Ukubhanqa ifoni yakho nehendsfri ye-Bluetooth

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Ukuxhumana** > **I-Bluetooth** > **Ihendisifri** > **Ihendisifri yami** > **Ihendisifri entsha**.

- 2 Pheqela kudivaysi bese ukhetha **Engeza**.

Ukwamukela into

- 1 Vula umsebenzi we-Bluetooth bese usetha i-**Kuyabonakala** ku **Bonisa ifoni**.

- 2 Uma wamukela into ethile, landela imiyalelo evelayo.

Ukuthumela into ngokusebenzisa okwe-Bluetooth

- 1 Khetha, isibonelo, **Imenyu > Umhleli > Imeninja yefayel > I-al. yekhamera.**
- 2 Pheqela entweni bese ukhetha **Izinketho > Thumela > Nge-Bluetooth.**

I-Inthanethi

Udinga amasethingi afanele e-Inthanethi efonini yakho. Uma amasethingi engekho efonini yakho, ungaya ku www.sonyericsson.com/support kukhompuyutha ngolunye ulwazi.

- Qiniseka ukuthi unokuthenga kwefoni okusaphotha ukuhanjisa kwedatha efonini yakho.


Ukukhetha Iphrofayili le-Inthanethi

- 1 Khetha **Imenyu > Izinhlelo > Ukuxhumana > Izinhlel ze-inthan > Xhuma ngo:.**
- 2 Khetha i-akhawunti.

Ukuqala ukupheqa

- 1 Khetha **Imenyu > I-inthanethi > Izinketho > Yiya ku.**
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

Ukuphuma kwisipheqi

- Uma upheqa, cindezela .

Ezinye izici

Imeninja yefayela

Ungasingatha amafayela agcinwe kumemori yefoni noma kumemori khadi. Ungakha amafolda amancane lapho ungagcina ngona amafayela akho.

Ukubheka ulwazi mayelana nefayela

- 1 Khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Imenenja yefayel**.
- 2 Thola ifayela kufolda bese ukhetha **Izinketho** > **Ulwazi**.

Ukukopisha noma ukugudlula ifayela kwimenenja yamafayela

- 1 Khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Imenenja yefayel**.
- 2 Thola ifayela kufolda bese ukhetha **Izinketho** > **Singatha ifayela**.
- 3 Khetha **Kopisha** noma **Hambisa**.

Ukubhela izinga lememori

- Khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Imenenja yefayel** > **Izinketho** > **Izinga lesiqophi**.


Imeyili yezwi

Uma ukuthenga kwakho kubandakanya isevisi yokuphendula, abashayayo bangashiya umbiko weyili yezwi uma ungaluphenduli ucingo.

Ukufaka inamba yakho yemeyili yezwi

- 1 Khetha **Imenyu** > **Imibiko** > **Izinhlelo** > **Ina. yemeyili yezwi**.
- 2 Faka inamba yemeyili yezwi oyithola kumnikezeli wesevisi yakho. bese ukhetha **Gcina**.

Ukushayela isevisi yemeyili yezwi yakho

- Cindezela bese ubamba .

Ama-alamu

Ungasetha umsindo noma umsakazo njengesignali ye-alamu. I-alamu ikhala ngisho noma ifoni icishiwe.

Ukusetha i-alamu

- 1 Khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Ama-alamu**.
- 2 Pheqela ku-alamu bese ukhetha **Hlela**.
- 3 Pheqa phakathi kwamathebhu, setha isikhathi, isignali ye-alamu nokunye ukwaziswa uma kudingeka.

4 Khetha **Gcina**.

- ! Gcina ihendsfri ifakiwe uma ukhetha umsakazo njengesignali ye-alamu. Isignali yomsakazo ikhala kulawudispikha.

Ukuthulisa i-alamu

- 1 Uma i-alamu ikhala, cindezela noma iyiphi ikhi.
- 2 Ukuphinda i-alamu, khetha **Buthisa**.

Ithoshi

Ukusebenzisa ithoshi

- Ukuvula ithoshi, khetha **Imenyu** > **Umhleli** > **Ilambu**.
- Ukucisha ithoshi, khetha **Emuva**.

Izingqikithi namaringithoni

Ama-theme asetshenziswa ukuguqula ukubukeka kweskriini.

Ukusetha ivolumu yeringithoni

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Imisindo nezibonis** > **Ivolumu yokukhal**.
- 2 Cindezela ⏪ noma ⏩ ukushintsha ivolumu.
- 3 Khetha **Gcina**.

Ukusetha iringithoni

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Imisindo nezibonis** > **Iringithoni**.
- 2 Thola bese ukhetha iringithoni.

Ukusetha isixwayisi sokudlikiza

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Imisindo nezibonis** > **Isixwa sokudlikiz**.
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

Ukusetha ingqikithi

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Khombisa** > **Izingqikithi**.
- 2 Pheqela kwingqikithi bese ukhetha **Hlela**.

Ukusebenzisa isithombe njengephepha lodonga

- 1 Khetha **Imenyu > Umhleli > Imenenja yefayel > I-al. yekhamera.**
- 2 Pheqela esithombeni bese ukhetha **Izinketho > Sebenzis njenge > Isihlobisi.**

Ukulokha ikhiphedi

Ungawalokha lama khi ukugwema ukudayela ngephutha. Izingcingo ezingenayo zingaphendulwa ngaphandle kokuvula ikhiphedi.

- 🔦 Izingcingo eziya kwinamba yezimo eziphuthumayo yomhlabajikelele u 112 zisengashaywa.

Ukusebenzisa ikhilokhi ye-othomathiki

- 1 Khetha **Imenyu > Izinhlelo > Okujwayelekile > Ezokuphepha > I-otho khilokhi.**
- 2 Khetha ongakhetha kukho.

Ilokhi yeSIM khadi

Le lokhi ivikela kuphela ukuthenga kwakho. I-poni yakho izosebenza nge-SIM khadi entsha. Uma ingekho ilokhi ekhiyiwe, kufanele ufake i-PIN. Uma ufaka Inamba Ekuchazayo yakho izikhathi ezintathu zilandelana, i-SIM khadi iyavinjwa bese kudingeka ufake i-PUK (Personal Unblocking Key) yakho. I-PIN ne-PUK yakho kuhlinzekwa ngu-opharetha wenethiwekhi yakho.

Ukuvula iSIM khadi

- 1 Uma **IPIN ivimbekile. Ukuyivula, faka iPUK khodi yakho oyihlinz. ngu-ophar. wenet.** kuvezwa, faka i-PUK yakho bese ukhetha **OK.**
- 2 Faka i-PIN entsha bese ukhetha **OK.**
- 3 Ukuqinisekisa, phinda ufake i-PIN entsha bese ukhetha **OK.**

Ukusebenzisa ilokhi ye-SIM khadi

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Ezokuphepha** > **AmaPIN khodi:** > **Ukuvikel. kweSIM** > **Vikela** > **Vuliwe.**
- 2 Faka i-PIN yakho bese ukhetha **OK.**

Ukuhlela i-PIN

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Ezokuphepha** > **AmaPIN khodi:** > **Ukuvikel. kweSIM** > **Shintsha uphuni.**
- 2 Faka i-PIN yakho bese ukhetha **OK.**
- 3 Faka i-PIN entsha bese ukhetha **OK.**
- 4 Ukuqinisekisa, phinda ufaka i-PIN entsha bese ukhetha **OK.**

Ilokhi yefoni

Ilokhi yefoni iyivikela ekusetshenzisweni okungagunyaziwe uma yebiwa bese kushintshwa i-SIM khadi. Ungashintsha ikhodi yelokhi yefoni (okuwu 0000 ngokohlelo) ibe yinoma iyiphi ikhodi eqondene nawe enamadijithi amane kuya kwayisishiyagalombili. Uma ilokhi yefoni ibekwe ku **I-Othomathikhi**, asikho isidingo sokufaka ikhodi yelokhi yefoni kuze kube ufaka enye i-SIM khadi efonini.

Ukusebenzisa ilokhi yefoni

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Ezokuphepha** > **AmaPIN khodi:** > **Ukuvike. kwefoni** > **Ukuvikeleka.**
- 2 Khetha ongakhetha kukho.
- 3 Faka ikhodi yelokhi yefoni bese ukhetha **OK.**

Ukushintsha ikhodi yokukhiya ifoni

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Ezokuphepha** > **AmaPIN khodi:** > **Ukuvike. kwefoni** > **Shintsha ikhodi.**
- 2 Faka ikhodi endala bese ukhetha **OK.**
- 3 Faka ikhodi entsha bese ukhetha **OK.**
- 4 Phinda ikhodi bese ukhetha **OK.**

Ukuvula ilokhi yefoni

- 1 Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Ezokuphepha** > **AmaPIN khodi:** > **Ukuvike. kwefoni** > **Ukuvikeleka** > **Valiwe.**
- 2 Faka ikhodi yakho yokukhiya ifoni bese ukhetha **OK.**

Imibuzo nezixazululo

Ezinye izinkinga zidinga ukuba ufonele u-opharetha wenethiwekhi yakho, kodwa iningi lezinkinga ungazilungisela wena. Khipha iSIM khadi ngaphambi kokuyisa ifoni yakho kubakhandi. Ukuze uthole ukusekelwa okuthe xaxa, yiya ku www.sonyericsson.com/support.

- 💡 Qala kabusha ifoni yakho zonke izinsuku ukukhulula imemori. Yenza ukusetha kabusha i-Master uma unezinkinga ngomthamo wememori noma ifoni isebenza ngokunensa.

I-master reset

Uma uthola izinkinga ngefoni yakho, njengokucwayiza noma ukufriza kwesibuko noma izinkinga zokuhambisa, kumele uyisethe kabusha ifoni.

Ukuhlela kabusha ifoni

- Khetha **Imenyu** > **Izinhlelo** > **Okujwayelekile** > **Isihleli esikhulu** bese ukhetha okukhethwa kukho.
- ! **Hlela izinhlelo** kusetha kabusha zonke izinguquko ozenzile efonini yakho zibe yidifolthir.
Hlela konke kususa yonke idatha yomsebenzisi njengoxhumana nabo, imibiko, izithombe nemisindo efonini yakho.

Ulwazi lwezomthetho

I-Sony Ericsson W205 Walkman™

Le Gaydi yokusebenzisa ifoni ishicilelwe ngabakwa-Sony Ericsson Mobile Communications AB noma inkampani yangakini esebenzisana nabo, ngaphandle kwewaranti ethile. Ubungcono nezinguquko kule ncwadi yokusebenzisa ucingo okwenziwe amaphutha okuthaypha, ukungalungi kolwazi lwamanje, noma ubungcono ezinhlweni kanye/noma amathuluzi, kungenziwa ngu-Sony Ericsson Mobile Communications AB noma ingasiphi isikhathi ngaphandle kwesaziso. Izinguquko ezinjalo, ngakho, ziyongeniswa kwizihumusho ezintsha zale Gaydi yokusebenzisa ifoni.

Wonke amalungelo agodliwe.

©Sony Ericsson Mobile Communications AB, 2009

Inamba yesishicilelo: 1224-7035.1

Qaphela: Amanye amasevisi nezici okuchazwe kule Gaydi yomsebenzisi akusekeliwe yiwo wonke amanethiwekhi kanye/noma abahlinzeki besevisi kuzo zonke izindawo. Ngaphandle komkhawuko, lokhu kusebenza futhi kwiNamba Yezimo Eziphuthumayo ye-GSM Yomhlaba ethi 112. Sicela uxhumane noopharetha wenethiwekhi yakho noma umnikezeli wakho wesevisi uma ungabaza noma ungasebenzisa isevisi ethile noma qha.

Iselula yakho inamandla okulanda, ukugcina nokudlulisa okuqukethwe okwengeziwe, isibonelo amaringithoni. Ukusetshenziswa kwalokhu okuqukethwe kungenzeka kukhawuliswe kunqatshelwe ngamalungelo amaqembu esithathu, kubandakanya kodwa kungacini ngokukhawuliswa ngaphansi kwemithetho esebenzayo yamalungelo okushicilela. Wena, hhayi u-Sony Ericsson, unamandla aphelele kokuqukethwe okwengeziwe okulanda noma okudlulisa kuvela efonini yakho. Ngaphambi kokusebenzisa okuqukethwe okwengeziwe, sicela uqinisekise ukuthi ukusebenzisa okuhlosile kulayisensiwe noma kugunyaziwe. U-Sony Ericsson akaqinisekisi ngokungabi naphutha, ubuqotho noma ikhwalithi yokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu. U-Sony Ericsson ngeke abekwe icala ngisho ngaphansi kwaziphi izimo ngokusebenzisa kwakho okungalungile kokuqukethwe okwengeziwe noma okunye okuqukethwe kwabantu besithathu.

I-Bluetooth wuphawu lokuhweba noma wuphawu lokuhweba olubhalisiwe lwe-Bluetooth SIG Inc. kanti ukusetshenziswa kwalolu phawu ngu-Sony Ericsson kungaphansi kwelaysensi.

Ilogo ye-Liquid Identity ne-TrackID yizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sony Ericsson Mobile Communications AB.

I-TrackID™ inikwa amandla yi-Gracenote Mobile MusicID™. I-Gracenote ne-Gracenote Mobile MusicID yizimpawu zokuhweba noma yizimpawu zokuhweba ezibhalisiwe zakwa-Gracenote, Inc.

I-WALKMAN, ilogo ye-WALKMAN, i-Sony, i-Memory Stick Micro™ ne-M2™ yizimpawu zokuhweba noma yizimpawu zokuhweba ezibhalisiwe zika-Sony Corporation.

I-Ericsson wuphawu lokuhweba noma wuphawu lokuhweba olubhalisiwe lwakwa-Telefonaktiebolaget LM Ericsson.

I-Microsoft, i-Windows ne-Vista yizimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe noma izimpawu zokuthengisa ze-Microsoft Corporation e-U.S nakwamanye amazwe.

Ubuchwepheshe be-Zi™ predictive text technology isetshenziswa ngaphansi lwemvume yakwa-Zi Corporation.

I-Java kanye nazo zonke izimpawu zokuthengisa ezixile kwi-Java namalogo kuyizimpawu zokuthengisa noma izimpawu zokuthengisa ezibhalisiwe ze-Sun Microsystems, Inc. e-U.S. nakwamanye amazwe.

Isivumelwano selayisense yomsebenzisi wokugcina we-Sun Java™ J2ME™. 1. Izivimbelo: I-Software ingulwazi lwamalungelo agodliwe oluyimfihlo lakwa-Sun futhi isihloko kuwo wonke amakhophi agcinwe ngu-Sun no/noma abantu bakhe bamalayisense. Umthengi ngeke aguqule, ahlakaze, ahlukane, acacise, akhiphe noma ahlehise i-Software kanjinyela. I-Software ngeke yaqashiswa, yanikezelwa, noma yalayisenswa ngaphansi kwelayisense, iphelele noma ingxenye yayo. 2. Imithetho Yokuthelisa: I-Software, kubandakanya idatha yomsebenzi osizayo, ingaphansi kwemithetho elawula ukuthelisa yase-U.S., kubandakanya Umthetho Owengamele Ukuthelisa wase-U.S. kanye nemigomo yawo ehlobene nawo, futhi kungaba ngaphansi kwemigomo yokuthelisa noma yokungenisa kwamanye amazwe. Umthengi uvuma ukuzibophezela kuyo yonke imigomo enjalo futhi uyavuma ukuthi unesibopho sokuthola amalayisense okuthelisa, ukuthelisa kabusha, noma ukungenisa i-Software. I-Software ngeke yalandwa, noma itheliselwe noma itheliselwe kabusha (i) ku, noma ezweni noma kumhlali wase, Cuba, Iraq, Iran, North Korea, Libya, Sudan, Syria (njengoba lolu hlu lungabuyekwezwa ngezikhathi ezithile) noma kunoma iliphi izwe i-U.S. evimbele izimpahla kulo; noma (ii) kunoma ubani osohlwini lwe-U.S. Treasury Department ye-Specially Designated Nations noma i-U.S. Commerce Department's Table of Denial Orders. 3. Amalungelo Anomkhawuko: Ukuseshenziswa, ukuphindwa noma ukuvezwa nguhulumeni wase-United States kungaphansi kwezivimbelo njengoba zibekiwe ngaphambili kwi-Rights in Technical Data and Computer Software Clauses kwi-DFARS 252.227-7013(c) (1) (ii) ne FAR 52.227-19(c) (2) njengoba kufanele.

Lo mkhiqizo uvikelwe ngamalungelo athile olwazi akwa-Microsoft. Ukusebenzisa nokusabalalisa kwalo buchwepheshe ngaphandle kwalo mkhiqizo akuvunyelwe ngaphandle kwelayisensi yakwa-Microsoft

Amanye amagama omkhiqizo nezinkampani abalwe lapha kungaba izimpawu zokuthengisa zabanikazi abafanele.

Noma imaphi amalungelo anganikiwe ngokubhalwa lapha agodliwe.

Yonke imiboniso ingeyekubonisa kuphela futhi kungenzeka ingakhombisi ngokungenaphutha ifoni uqobo lwayo.

www.sonyericsson.com



Sony Ericsson

Sony Ericsson Mobile Communications AB
SE-221 88 Lund, Sweden

1224-7035.1